# *Kepha Kusukela KwasekuQaleni Kwakungenjalo*

Sanibona kusihlwa, bangane. Ngijabule kakhulu ukuba ngibuye kulobubusuku enkonzweni yeNkosi uNkulunkulu. Futhi ngithemba izibusiso zaYo phezu kwezinkonzo kulobubusuku.

2 Ngijabulile ukubona, kulobubusuku, uMfowethu Robert Daugherty emuva egumbini lapho. Ku . . . KwakunguMfowethu Daugherty owaxhasa umkhankaso wami wokuqala. Futhi ngiyakhumbula ngiya kuye. Kusenabanye abantu abahlezi lapha abangisiza ukuba ngifinyelele lapho. NoMfowethu Creech lapha, ngiyacabanga, ungomunye wabo. Imibono yayisanda kuqala ukwenzeka nje, neNgelosi yeNkosi yayisanda kuhlangana nami phezulu lapha eGreen's Mill, yangitshela ukuthi yini eyokwenzeka. Futhi kwakungaphansi kwamaviki amabili kwaze kwaba wangibizela eSt. Louis. Intombazane yakhe yayinolunye uhlobo lwe . . . njengomdanso kaSaint Vitus.

3 Futhi sasiye lapho futhi sakhuleka, futhi senza zonke izinhlobo zezifungo, futhi kwakubonakala sengathi akukho lutho olwaluzokwenzeka nje. Ngangizohlala nje (Isizathu, ngangingenayo imikhankaso ngaphambi kwalokho.) kwaze kwaphela nje, ngaze ngathola ukuthi yini iNkosi eyayizokwenza.

4 Niyamazi, uMfowethu Robert, ngikholwa ukuthi bekungcono uma ngangikugcine nje ngaleyondlela. Isizathu, cishe ngabe ababaningi kangaka abasindisiwe. Kodwa, nje ngihlale nodaba olulodwa luze luphele, uze wazi.

5 Futhi ngosuku olulandelayo, ngiyacabanga, kwakungelesibili noma ihora lesithathu nqo ntambama, noma ngalolosuku olufanayo, angisakhumbuli manje. Futhi ngangihlezi emotweni, ngaphandle kwendlu yomfundisi. Noyise wayelapho. Futhi ngangingedwa. Ngezwa uMoya weNkosi ufika, futhi ngaphuma ngaphandle kwendlu yompristi futhi ngahlala phandle lapho. NoBetty omncane wayefana nomuntu ongumdlwembe, ekhala kakhulu nje. Nodokotela abamenzelanga lutho. Nomama nobaba, bobabili, babebukeka bekabi kakhulu. Babehlale, izinsuku namaviki, naye. Futhi nakho kwafika umbono, ngaphambi nje kwemoto, phambi kwemoto. Futhi ngabona umbono, futhi ngigijima ngiyangena

ngase ngitshela uMfowethu Robert kanye nabo ukuthi yini efanele yenziwe. Intombazane yayizosinda.

6 Ngicabanga ukuthi uthe ubezoba lapha kusasa ebusuku, ushilo na, Mfowethu Robert, ukuba afakaze? Ngakho manje uma . . . Lokho sekube yiminyaka eyishumi nane edlule, ngiyacabanga, ishumi nambili, iminyaka eyishumi nane edlule. [UMfowethu Robert Daugherty uthi, "Yishumi nantathu, ngiyakholwa."—Umhl.] Iminyaka eyishumi nantathu edlule. Futhi iphila saka, intombi ebukeka kahle. Izoba lapha kusasa ebusuku, iNkosi ithanda.

7 Ukuphulukiswa ngokukaNkulunkulu kuqhubeka nje ngangokuqhubeka kokukholwa, kunjalo, uma nje ukukholwa kusaqhubeka.

8 Futhi ngikholwa ukuthi ngibona uMfowethu Fred Sothmann, nabangane bami baseCanada behlezi emuva phakathi lapha, futhi. Ngiyajabula ukunibona nonke niphakathi kulobubusuku. Futhi nabanye abangane abaningi lapha. Ngifisa sengathi benginesikhathi sokubona ngamunye wenu. Ngiqagele angikwazi, kusukela khona lapha, kepha ngifuna nina nazi ukuthi sinamukela ngempela. UMfowethu Boyd lapha, ngikholwa ukuthi ngiyamkhumbula. Nomfowethu ongumMennonite. Ngakho-ke sijabulile ukuba nawe lapha kulesisikhathi esincane senhlanganyelo ngaseZwini. Futhi manje, kusasa i . . .

9 Sifuna ukumemezela lokhu, futhi, ukuthi, izincwadi zakamuva. Manje asikho lapha . . .

10 Angimkhumbuli lomfowethu ohlezi, umfowethu ongumMennonite eceleni kwakhe. Angikwazi . . . [Umfowethu uthi, "Harson."—Umhl.] uHarson. Ya.

11 I—izincwadi zingemuva, etafuleni emuva lapho. Ziyimilayezo yakamuva. Azikabi semikhankasweni okwamanje. Zingemuva lapho kanye namateyipu, imilayezo yakamuva nokunye nokunye. Futhi abafana baye bazishicilela, futhi ziyatholakala ngemuva kwesakhiwo njengoba niphuma kulobubusuku. Futhi ngicabanga ukuthi i . . .

12 Ekuseni, ngicabanga ukuthi izingxoxiswano ziqala cishe ngelesishiyagalombili noma kugamenxe elesishiyagalombili, ekuseni. Futhi, he! Ngimtshele ukuba enze izingxoxiswano zalabo abebefuna ukungibona ngasese ezindabeni zangokomoya. He, angiqondanga ukuthi itabernakele elincane lapha beliyo . . . beliyoba ngaleyo ndlela. Kodwa ngempela liminyaniswe kakhulu. He! Ngakho, awu, kuhle. INkosi ngezinye izikhathi ithola izibusiso kulokho esizama ukukwenza, ukwenza okuthile ukusiza abafowethu nodadewethu endleleni.

13 Manje siyazama, ubusuku ngabunye, ukuthola okuthile engikufunayo. Futhi lokho ngukuthi, ukuthi, uNkulunkulu ngombono ungitshele ukuthi inkonzo yami yenza uguquko

lwayo lwesithathu. Futhi ngiyilangazelela ukuba iqale lapha etabernakele. Angazi ukuthi izobakhona noma qhabo, kodwa ngiyilangazelele ukuba yenze lokho. Futhi ngethemba ukuthi iyoba yindlela ethile ezo . . . Ngizokwazi ukushumayela iVangeli ngaleyo ndlela, noma ngenze okuthile okuzosiza isintu esihluphekayo sibe nendlela yokuphila enokwenama okungconywana, nendlela yokuphila okungconywana. Kuyisifiso sami esiqotho. Ukuze kube njalo kulobubusuku ukuthi . . .

14 Ngibuze umalokazana wakwami mayelana namakhadi omkhuleko, futhi akanawo lapho. NoBilly ngokuvamile uyawagcina. NoGene noLeo abanawo. Ngakho nje sizovele sisebenzise izinkonzo ngaphandle kwalokho, ngiyacabanga, okungcono ukwedlula konke esingakwenza, uma sikwenza kulobubusuku. Sizobona ukuthi kuvela kanjani.

15 Khona-ke emva kwalemihlangano, imihlangano yami elandelayo izoba seNew Zealand, bese-ke ngiye eAustralia futhi, futhi kwehlele kuleyo izingxenye zezwe.

16 Kulobubusuku, ngikhethe ukufunda imiBhalo ethile eNcwadini kaMarku oNgcwele, isahluko 7, uma nifisa ukukuphenya, ukokuzindla ngoMlayezo.

17 Futhi ngaphambi kokuba senze lokho, masikhothamise amakhanda ethu nje umzuzwana nje futhi sikhulume kuYe.

18 Nkosi, siyaKubonga, kulobubusuku, ngenhlanhla yokuhlangana ndawonye, kanye futhi. Ube muhle kakhulu kithi ngalolu suku. Usihlinzeke ngempilo namandla okuqina ukuthi sibe nethuba lokuza futhi enkonzweni yaKho nokuKukhonza.

19 Futhi siyabonga ngezwe lakithi, ukuthi kusenethuba nomnyango ovuliwe, ukuthi amadoda nabesifazane bangakwazi ukukhonza uNkulunkulu ngokuphoqelela kukanembeza wabo qobo. Makube kude, Nkosi. Kodwa sibona, ngokusho kwesiprofetho seBhayibheli, ukuthi maduzane leminyango iyovala, emhlabeni jikelele. Ngakho-ke makuthi, kulobubusuku, samukele ubuhle bukaNkulunkulu nezibusiso, nakho konke ukuKhanya esingakwazi, phezu kwemiBhalo, Nkosi, ukuze silungele lelo hora lapho selifika, ukuthi okugcinwe emiphefumulweni yethu kuyoba uMoya oNgcwele, Oyokwazi ukusombulula lezizinto ezingqondweni zethu.

20 Sithanda ukucela ikakhulukazi, kulobubusuku, futhi, Nkosi, ngalabo abagulayo, abaswele, nabahluphekile. AMandla aKho amakhulu okuphulukisa nomusa kuzophumula phezu kwalowo nalowo. Busisa iZwi laKho kuqhubekela phambili, Nkosi, futhi sizoKudumisa. EGameni likaJesu, siyakucela. Amen.

21 KuMarku oNgcwele, isahluko 7, sifunda amavesi ambalwa kanje.

> *Kwabuthana kuye abaFarisi, nabanye bababhali, bevela eJerusalema.*
>
> *Sebebonile ukuthi abanye babafundi bakhe badla izinkwa ngezandla ezimbi, okungukuthi, ngezandla* ezingahlanjiwe, *bathola iphutha.*
>
> *Ngokuba abaFarisi, kanye nabaJuda bonke, a*badli—*abadli, bengahlambisisanga izandla, bebamba isiko* labo *labadala.*
>
> *Nanxa* bevele *endalini, abadli, bengakahlambi. Kukhona nezinye izinto eziningi, abazamukeleyo* futhi *bazibambe, nje . . . ngokuhlanza izinkezo, nezinkamba,* nokuhleleka ne*zitsha zethusi, namatafula.*
>
> *AbaFarisi nababhali bambuza bathi, Abafundi bakho abahambi ngani* ngokwamasiko *labadala, kepha badla isinkwa ngezandla* ezingahlambiwe *na?*
>
> *Wayesethi kubo, U-*Isaya *waprofetha kahle ngani nina bazenzisi, njengokulotshiweyo ukuthi, Lesi sizwe singidumisa ngezindebe zomlomo, kepha* izinhliziyo *yaso ikude nami.*
>
> *Kodwa bangikhonza ngeze, befundisa* imfundiso *eziyimiyalo yabantu.*
>
> *Niyeka* imiyalo *kaNkulunkulu, nibambe isiko labantu, njengokuhlanza izinkamba nezinkezo: nabaningi bathanda izinto enizenzayo.*
>
> *Wayesethi kubo, Yebo . . . nichitha* imiyalo *kaNkulunkulu, ukuba* ni*gcine* amasiko *lenu.*

22 Futhi eNcwadini kaMathewu oNgcwele, isahluko 19 nevesi 8, nesigaba sokugcina salelovesi le 8, ngifisa ukufunda indikimba. Futhi ifundeka kanje:

> *. . . kepha kusukela kwasekuqaleni kwakungenjalo.*

NeNkosi mayibusise ukufunda manje kwamaZwi aYo.

23 Ngenkathi iNkosi yethu yayilapha emhlabeni, Yahlangana, ezinsukwini zenkonzo yaYo, izizwe ezazigcina isiko lazo labantu, futhi zafundisa izinto ezaziphambene nemiyalo kaNkulunkulu.

24 Ngiyazibuza, kulobubusuku, uma Ibingafika futhi kulobubusuku, ngokubonakalayo, uma Ibingeke ithole nje cishe isimo esifanayo. Ukuthi bawagcina kanjani lawo masiko ngokungcwele kakhulu, emva kokuba sebemukele imiyalo yeNkosi, nje ukuthi benzeni! Amadoda angeke aneliseka ngalokho uNkulunkulu athi awakwenze; kumele azikhuphule kancane ngakho.

25 Futhi lapho umuntu ebambelela kunoma yini, uphendukezela ingxenye enkulu. Futhi enza noma yini iphendukezelwe indlela ehlukile kweyasekuqaleni.

26 Njengo, kungalungi, ukungalungi akuyilutho ngaphandle kokulunga okuphendukezelwe, lokho okuphendukezele umqondo wendoda kuyaguquguquka.

27 UNkulunkulu wenza umuntu ukuba aphile ngokujabula omunye nomunye. Impendukezelo iyabaguqula futhi ibenze izitha omunye komunye. Umuntu usenza sibe yizitha omunye komunye, ngenkathi uNkulunkulu wasenza abazalwane omunye komunye.

28 Umuntu wenza amadoda ukuba angabi nasimilo. UNkulunkulu wenza indoda ukuba iphile ngeqiniso kumkayo. Kodwa umuntu uyafika futhi uphendukezela lokho, futhi akanelisekile ngomkakhe uqobo, kodwa ufuna ukuphila nawo onke amakhosikazi.

29 UNkulunkulu wasinika okuhle, amanzi ahlanzekile ukuba siwaphuze. Umuntu udingeka axubanise utshwala noma enye into, nawo, ngaphambi kokuba awaphuze. Ngukuphendukezela, kokwasekuqaleni kwangempela kwawo.

30 Futhi ekwenzeni kanjalo, sithola ukuthi ebandleni, lezizinto zenzekile, ngoba, umuntu uqala ukugxambukela ezintweni zikaNkulunkulu, futhi udonsa umqondo ongowakhe wokuthi Lisho ukuthini. AkaLithathi ngendlela nje eLilotshiwe ngayo, kodwa uthola umqondo ongowakhe siqu uxutshaniswe naLo. Bese kuthi-ke, ngalokho, wenza isiko, futhi ufundisa lokho. NoJesu wathi, ngenkathi Esemhlabeni futhi wathola okunjalo, Wathi, "NiNgikhonza ngeze." Manje kukhona, khona-ke, okunokwenzeka, futhi kunjalo, ukuthi kungaba khona ukukhonza okuqotho kukaNkulunkulu, kungalungile. "BaNgikhonza ngeze, befundisa iMfundiso imiyalo yabantu."

31 Manje ekufundeni kwethu umBhalo kulobubusuku, uma ningafunda niqhubeke, nizothola lapho uNkulunkulu athi khona, "Hlonipha uyihlo nonina; futhi uma umuntu ehlazisa uyise nonina, makafe ukufa." Kepha Wathi, "Emasikweni enu, nenze imiyalo kaNkulunkulu ize, futhi nathi, 'Uma kunjalo, uma umuntu ehlazisa uyise nonina, ukuthi kuyisiphiwo, futhi uyakukhululeka nje.'"

32 Niyabona ukuthi amadoda azithola kanjani izinto zisontekile na? Kodwa bayakuthanda ukukhonza, futhi bacabanga ukuthi bakhonza ngokuyikho, lapho bekhonza ngokungafanele. Futhi ngiqinisekile, emva kokungabibikho kukaKristu, iminyaka eyizinkulungwane ezimbili, kukhona okungahambanga kahle ndawo ndawo, ngoba sithola imiqondo eminingi kakhulu.

33 Futhi, kulobubusuku, kunamahlelo cishe angamakhulu ayisishiyagalolunye ehlukene emhlabeni, lelo ngamahlelo amaKristu, imiqondo ehlukene. Futhi ngalinye libambe isiko lalo. O, bathanda kanjani ukuthi, "Isiko lami liqinisile." Bese kuthi-ke uma elinye ibandla lizoLichaza ngaleyondlela,

futhi bathi, awu, bakwenze nje cishe kuphelele, ukuthi lelobandla liqinisile. Futhi sedlule kulokho ebusukwini obedlule obumbalwa lapha, bokuthi kungani singesilo ihlelo. Futhi uma ihlelo seliqalisiwe, liqale ezisekelweni zomunye umuntu othola isambulo sento ethize, okungenzeka ukuthi konke kuhle, kodwa wenza ihlelo ngaso bese kuthi-ke angakwazi ukuqhubekela phambili.

34 Kodwa uNkulunkulu ufuna sihlale sikhululekile. Ufuna sibeke lokho lapho ukuthi uma Esipha ukuKhanya, singakwemukela Lokho, futhi sithole okunye ukuKhanya futhi, nokuKhanya futhi, futhi silokhu siqhubeka. Yingakho sithanda ukuhlala sikhululekile, ngakho singavele nje sishumayele iBhayibheli, ngendlela eLilotshwe ngayo, futhi siLikholwe ngaleyondlela nje.

35 Futhi, namhlanje, singene emasikweni. Manje, endikimbeni yethu sithola ukuthi, kulobubusuku, ukuthi bathi, "Sivunyelwe ukulahla omkethu nganoma yiliphi icala na?" Awu, kucishe kube ngaleyo ndlela namhlanje. Uma nje bengafuni ukuhlala nomkabo, noma umyeni, bavele bathole isizathu esithize nje bese bemlahla. Omunye umshumayeli uyafika, noma imantshi, uyabashadisa komunye. Niyabo, kuyisiko.

"Awu," bathi, "ibandla lethu likukholwa ngalendlela."

36 Awu, akwenzi mehluko omngako kulokho ibandla lethu elikushoyo. Kuyilokho iBhayibheli elikusho ngakho, lokho kwenza umehluko. UNkulunkulu ubefanele abe yiZwi lokugcina kuzo zonke izinqumo esizenzayo.

37 Ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, ngaqulisw icala enkantolo, noma ngangizoquliswa. Futhi babengibuza eminye imibuzo enzima kakhulu. Futhi bathi, "Kungani udlulisele imali yemikhankaso ebandleni lakho, njengenhlangano na?"

38 "Awu," ngathi, "kwakungenxa yokuthi ngatshelwa umqoqi weNtela yangaPhakathi ukuthi kufanele ngikwenze ngaleyo ndlela, ngoba kwakuyinhlangano." Futhi kwakulokhu kuqhubeka. Wayesethi, "Lomuntu akakutshelanga iqiniso."

39 Ngathi, "Awu, wayemele uhulumeni. Uma ngithumela imenenja yomkhankaso edolobheni ukuba ingimele, ngobusuku obuyisihlanu lapho emkhankasweni, futhi ingimela ubusuku obuyisishiyagalombili, ngibophezelekile ubusuku obuyisishiyagalombili, ngoba inxusa lithe ubusuku obuyisishiyagalombili. Futhi uhulumeni ufanele anamathele kulokho abameleli babo abakushoyo."

40 Khona-ke wathi, "Awu, u. . .lowo muntu akasekho kuhulumeni."

41 Ngathi, "Futhi ngolunye usuku ngeke usaba kuhulumeni. Nalabo ababhala umthethosisekelo abasekho kubo. Ngiyazibuza uma lokho kusabambelele." Niyabo, bazama ukuthola

intuba, kodwa esikhundleni sokuba qotho futhi banamathele ezimisweni.

42 Yileyondlela abantu ababangayo namhlanje kuzo zonke izindlela zokuphila. Yileyondlela amabandla aba ngayo; lelibandla, amanye amabandla. Esikhundleni sokuphuma nokubhekena namaqiniso alokho uNkulunkulu akushilo, sizama ukuthola intuba ukuzithethelela ngayo. Futhi akujabulisi kuNkulunkulu. Futhi othile waqala lokho, futhi siyazibuza nje ukuthi liyini iqiniso-ke.

43 Ngacela inselelo, ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, endodeni eyayimile futhi iphinda iSivumo sabaPhostoli, ababizwa kanjalo. "Ngiyakholwa kuNkulunkulu uMninimandla onke, uNkulunkulu uYise, noMdali wamazulu nomhlaba," nokunye nokunye, "futhi ngiyakholelwa ekuxhumaneni nabangcwele."

44 Manje, indoda ayikwazi ngokulunga, enhliziyweni yayo, isho leso sivumokholo bese iba kahle noNkulunkulu, futhi yazi iBhayibheli. Noma yini exhumana nabangcwele ingukukhonza imimoya yabangasekho, noma yini exhumana nabafileyo.

45 Futhi lendoda yaphendukela ngemuva yayisithi, "Awu, uxhumana nobani na?"

Ngathi, "UJesu Kristu."

Yathi, "Awu, Wafa."

46 "Kodwa," ngathi, "Wavuka futhi. Futhi Akafile, kodwa Uyaphila. Kodwa uMariya, nabo bonke abanye abaphostoli, nabo bonke abantu ozisho ukuthi uxhumana nabo, ufile futhi akasekho. NeBhayibheli lithi, 'Akekho umlamuleli phakathi kukaNkulunkulu nomuntu, kepha uMuntu uKristu uJesu.' Ngakho-ke, ngokwesiko lomuntu, nenze imiyalo kaNkulunkulu ize."

47 Futhi sizama ukujabulisa uNkulunkulu ngokwakha ibandla elikhulukazi, ngokugxusha izihlalo, nangokulenza libe lihle. Lokho kulungile. Akukho kuphikisa kulokho, kepha lokho akusikho nje lokho uNkulunkulu athi asikwenze.

48 Sizama ukwenza ibandla lethu livelele kancane kwelinye ibandla, ngokuthola umelusi ofunde kunabobonke esingamthola epulpiti lethu, ongakhuluma amagama akhe ngenkulumo enobuqhalaqhala. Lokho kulungile, kodwa lokho kusalokhu kungesikho lokho uNkulunkulu akusho. Futhi emabandleni amaningi, uma . . . Amabandla ethu namhlanje, uma indoda ingakaze ithole isipiliyoni sasekholiji lezenkolo, ibandla ngeke nakanci liyingenise. Ifanele ibe nemfundo yasekholiji lezenkolo. Kodwa lokho akusikho iBhayibheli elakusho. Lokho akusikho uJesu akwenza.

49 UJesu wathatha amadoda ayengabazi ngisho o ABC bawo, futhi wabagcoba ngoMoya oNgcwele. Isidingakalo sikaNkulunkulu sasingesikho ukwemukela imfundo, kodwa

ukwemukela uMoya oNgcwele. Akukho ndoda efanele ishumayele iVangeli ize yemukele uMoya oNgcwele. Niyabona ukuthi sayithatha kanjani imiyalo yomuntu, futhi saYiphendukezela na? UJesu waseNazaretha, ngaphambi kokuba Avumele abafundi ukuba bahambe bashumayele, kuLuka 24:49, Wathi, "Bhekani, ngithumela isethembiso sikaBaba waMi phezu kwenu. Kodwa lindani, manini umzuzu nje, ngaphambi kokuba nihambe. Ningagxumi lapho ngikusho. Kepha," Wathi, "lindani emzini waseJerusalema nize nembathiswe aMandla avela Phezulu. Khona-ke niyakuba ngofakazi baMi, kokubili eJerusalema, naseJudiya, naseSamariya, nasemikhawulweni yezwe."

50 Kodwa, namhlanje, sesikuguqukile lokho. Futhi sesikwenzile ukuthi sifanele siye esikoleni, futhi sidinge ukufundwa nokubhalwa kolimi okuthize nesayense ephathelene nengqondo, kanye nezindlela ezithile esiziphatha ngazo e—epulpiti, kanye namasiko amancane ahlukene. Futhi sasingeke sibe nomqondo omncane. Bese kuthi-ke sithole imfundiso yebandla, sifunde ikhathekizimu, lokho okushiwo ikhathekizimu.

51 Awusindiswa ngokwazi ikhathekizimu. Awusindiswa ngokujoyina ibandla. Awusindiswa ngokwazi iBhayibheli. Usindiswa ngokwazi Yena, uKristu. "Ngokuba ukwazi Yena kungukuPhila."

52 Ngakho-ke, sithatha amasiko abantu, futhi senze imiyalo kaNkulunkulu ize. Amakholiji ethu ezenkolo enza lokho. Amabandla ethu adinga lokho. Amabandla ethu angeke akudinge ngaphandle uma abantu bekudinga. Abantu kuzofanele bagunyaze lokho, noma bengavele bedede nje kukho, futhi bakhuleke kuNkulunkulu ukuba abavusele omunye umuntu. Bayakwenza. Abantu bayakwenza. Abakuphoqeleli ukuba wenze lokho.

53 Manje-ke ngalezo zinsuku, abaFarisi nabaSadusi nosonkolo bangalolosuku, bakholelwa ebandleni ukuba libanike insindiso. Noma ngabe yini ibandla elikushoyo, yileyondlela kanye nje okufanele kube ngayo, ngokuba ibandla lasho kanjalo.

54 Awu, kusafana nanamhlanje. Abantu babheka ibandla ukuba libanike insindiso. Awuyitholi insindiso ngebandla. Uthola insindiso ngoKristu, hhayi ngokwazi inqubo yebandla ethile, noma isivumokholo esithile, noma uhlobo oluthile lombhaphathizo, noma—noma iminyakazo ethile noma amadlingozi, odlula kuwo. Wazi futhi uthole ukusindiswa ngoKristu, futhi lokho ngomusa. Nisindiswa ngokukholwa, ngokubiza kukaMoya oNgcwele. UMazi kanjalo-ke.

55 Kodwa babenakho ngalezo zinsuku, futhi bayoba nakho kakhulu kangakanani namhlanje! Bese kuthi-ke, abantu baqala

ukumangala, emva kokuba sekuthatha amahora ukudlula kulokhu, "Kungani sisesimweni esikuso na?" Nakho-ke.

56 Uma usonkontileka eneke ipulani ukuba amadoda akhe akhe indlu, indlela e*nje-nakanje*, futhi indoda ngayinye yayishaya indiva ipulani edwetshiwe, futhi akha indlu ngendlela abacabange ukuthi indoda ngayinye ifanele iyakhe ngayo, iyoba yindlu ebukeka kanjani na? Ucabanga ukuthi ibiyokwamukelwa na? Khona-ke, uma kunjalo, eyodwa indoda ibingathanda yakhiwe nga*le*ndlela, nenye nga*le*ndlela, futhi indoda ngayinye ibiyohamba futhi yakhe ngokusemqondweni wayo. Indlela kuphela oyoke wakhe ngayo indlu ngokufanele, ingepulani edwetshiwe.

57 Futhi indlela kuphela esiyoke sibuyele ngayo kuNkulunkulu futhi sithole uNkulunkulu phakathi kwethu, ngukubuyela esisekelweni seBhayibheli. Kufanele nje kube ngaleyo ndlela. UJesu wakhuluma ngakho ngenkathi Elapha emhlabeni, futhi ethi, "Kungani nishaya indiva noma neqe imiyalo kaNkulunkulu, futhi niyenze ize ngamasiko enu na?" Kodwa bakwenza. Futhi bakwenza kakhulu kangakanani namhlanje!

58 Ngakho yingalesosizathu umqashi wendlu wayengeke angene. Uma alucacisa uhlobo oluthile lwendlu afuna ukuhlala kulo, futhi wanikeza leyomigomo nemininingilizo eyincaciselo, nokuthi yakhiwe ngaleyondlela, awu, bese kuthi-ke uyakudlulisela, umakhi ukunikeza usonkontileka. Nosonkontileka ukunekela izimfolomane, nokunye nokunye. Futhi uma ezobuya kulendlu, ukuba angene kuyo, futhi yakhiwe yaqethuka, futhi yonke indlela iya embonweni womuntu, angeke angene.

59 Futhi lapho uMoya oNgcwele efika endlini kaNkulunkulu, Awukwazi ukungena uma yakhiwe phezu kokucabangela okwenziwe ngumuntu. Kufanele kuze eBhayibhelini. Futhi *Leli* lifanele libe yiPulani edwetshiwe. Ngoba kulotshiwe ukuthi, "Onke amazwi omuntu mawabe ngamanga, nawaMi abe yiQiniso." Sonke sifuna ukucabanga ukuthi sinaleloQiniso.

60 Kodwa niyifunda kanjani imiBhalo, ngokuhumusha okungokwakho na? UmBhalo uthi, ukuthi, "Awukho umBhalo onikezwa ngokuhumusha okungokwakho." Unikezwa ngoMhumushi oyedwa, lowo nguMoya oNgcwele OwaWuloba.

61 Kungikhumbuza indaba ebengikade ngiyifunda kulentambama. Kwakungukuphila kwangasekuqaleni kweNkosi yethu, lapho ikade izalwe eBetlehema futhi yakhulela lapho eJudiya. Futhi isineminyaka eyishumi nambili, kwakuna—amasiko athile abantu ababewagcina, lowo kwakungumkhosi. Ngicabanga ukuthi uMkhosi wePhasika. Nabantu baKubo, uMariya, umama waKhe, noJosefa usinga baba waKhe, bonke bakhuphukela eJerusalema ukugcina lelisiko elithile, ngokomthetho ngakho konke ababengakwenza. Futhi ngenkathi

besephezulu lapho, bangena endleleni enkulu, bekhuluma nezihlobo zabo zomndeni nokunye nokunye. Futhi lapho sebehambile, bahamba uhambo losuku, kwase kuthi-ke baqala ukuqalaza uJesu. Futhi baMfuna phakathi kwezihlobo zabo zomndeni ababajwayele, futhi kabaMtholanga.

62 Ngiyazibuza uma lokho kungeyona nje cishe indlela ibandla elingayo manje. Lapho befika endaweni lapho baqonda khona ukuthi Ubengenabo. Ngiyazibuza uma kukhona iMethodisti, neBaptisti, namaPentecostal, nanoma yini okunye lapha kulobubusuku, ongafikanga kuleyo ndawo, lapho uqonda khona ukuthi Akanawe. Kungakhathaleki ukuthi wenzeni. Kungenzeka ukuthi udlule ezindleleni ezithile nezinto ezithile, kodwa nokho uyazi, phansi enhliziyweni yakho ukuthi, Akalapho. Ngiyazibuza ukuthi uma kungekho soni, noma umhlubuki osesakhiweni kulobubusuku, oqondayo ukuthi Akekho nawe, kulobubusuku.

63 Manje, ngicela ningenzi njengoMariya. Futhi nina bantu enikhulekela kuMariya, kuthiwani ngalokho na? Uqala ukuMfuna. Futhi waya ezihlotsheni zakhe zomndeni najwayelene nabo, ecabanga ukuthi uyoMthola lapho.

64 Futhi yileyondlela abenza ngayo namhlanje. Baya ebandleni, ukuba bacabange mhlawumbe bangaMthola lapho. Omunye agijimele ebandleni leMethodisti, futhi bayothola lokho abakukholwayo. Futhi bayogijimela ebandleni leBaptisti, nasebandleni elilodwa nelinye, befunisisa phakathi kwamabandla. Futhi uma konke sekuhlanganisiwe, bathola isixheke esikhulu sezivumokholo, noKristu akekho lapho.

65 Enye yamadoda amakhulu kunawo onke emasimini esayense yezenkolo, engazi ngawo, yayisendlini yami maduzane. Futhi yema egumbini. Futhi ngacabanga, "Yini indoda enkulu njengale iyenze, ize ukuba izongibona futhi ingivakashele na?"

66 Yathi, "Ngifuna nje ukusho amazwi ambalwa, Mfowethu Branham, kuwe."

67 Ngathi, "Kulungile, ungahlala phansi?" Futhi yahlala. Ngase ngithi, "Ngizizwa ngimncane kakhulu, ukukhuluma nendoda enokuqonda kwakho." Futhi yayinguMongameli weziNhlangano zobuthunywa benkolo ezinkulu zaseSudan, leyo yinhlangano yobuthunywa benkolo eqavile enkulu kunazo zonke ezweni. Futhi wayenomngane enaye, owayengumngane oqondene naye kuHyman Appleman. KwakunguMnu. Reidhead, yilowo okwakunguye, uDkt. Reidhead.

68 Futhi wathi, "Mfowethu Branham, ngenkathi ngisengumfana omncane," wathi, "ngangiphandle ensimini ngolunye usuku, ngibheka amafu njengoba ayendiza edlula. Futhi ngathi, 'O, ngabe kukhona uNkulunkulu ngaphezu kwalokho na?'" Wathi, "Ngaphuthuma ngangena kumama. Futhi yena, engumama omuhle ongumKristu,

wangiphakamisela ezingalweni zakhe futhi wangigona, futhi waqala ukungitshela ngoJesu. Futhi kwakunguYe owayengibiza." Futhi wathi, "Yena, engothembekile ebandleni lakhe, wangiqala eminyakeni eyisikhombisa ubudala, ukungifundisa ngoJesu." "Awu," wathi, "nalokho enhliziyweni yami, ngaya kuzo zonke izikole engangazi ukuthi kuyiwa kanjani kuzo." Futhi wathi, "Ekugcineni ngathola iZiqu zami zobuNgcweti. Ngacabanga ukuthi, uma sengithola iziqu zami, ukuthi ngokuqinisekile uKristu uyobe eme khona lapho." Futhi wathi, "Lapho iZiqu zobuNgcweti zabekwa phezu kwami," wathi, "Angizange. . .Futhi akukho lutho olwalungahlukile." Wathi, "Lapho ngithola iziqu zami zobuDokotela, ngacabanga ukuthi Uyoba lapho." Futhi wathi, "Kwakungekho mehluko. Nje isigejane samadoda siyangizungeza futhi sisho izinto ezimbalwa, futhi anginike iziqu." Futhi wathi, "Mfowethu Branham, nginezziqu ezenele ukuplastela ngazo udonga lwakho. Kodwa uphi uKristu na?" Kunjalo. Wathi, "Ngabe othisha bebenephutha na?"

69 Ngathi, "Mfowethu Reidhead, bengingefune ukusho ukuthi othisha bebenephutha, ngoba angikho esikhundleni sokusho lokho. Kodwa, mangisho lokhu, uKristu akafiki ngeZiqu zobuNgcweti noma ezobuDokotela wezobuNkulunkulu. Kodwa Uza ngokuvuselela kabusha umoya wakho, ngoMoya oNgcwele ovela eZulwini."

Wathi, "Ucabanga ukuthi kuzongenela na?"

Ngathi, "NgokwaleliBhayibheli elidala elibusisiwe, kungokwa 'noma ubani othandayo, makeze.'"

Wathi, "Ngifundiswe ukuthi lokho kwakungokosuku oselwadlula."

Ngathi, "Khona-ke, uthisha owafundisa lokho, wayenephutha."

Wathi, "Wazi kanjani ukuthi bebenephutha na?"

70 Ngathi, "NgiWamukelile. NeBhayibheli laWethembisa. Ngizo. . .Nakhu lapho AWethembisa khona. Manje ngitshele futhi ungibonise lapho Ake wabuyisela leso sithembiso emuva. Wanika iBandla amandla okukwenza. Manje ikuphi lapho Ake wakubuyisela khona emuva na? Uma iBandla likutshela ukuthi lezozinto sezadlula, khona-ke bafundisa imfundiso imiyalo yabantu, futhi hhayi ekaNkulunkulu. Bathatha imiyalo kaNkulunkulu futhi bayenze ize, ngesiko labo." Kunjalo.

71 Angeke uMthole phakathi kwezihlobo zakho. Angeke uMthole uma uhamba futhi uthi, "Ngizoba iMethodisti, isikhashana, futhi ngibone ukuthi kwenzekani. Ngizoba iBaptisti, isikhashana, futhi ngibone ukuthi kwenzekani." Awusoze waMthola lapho, noma hhayi kwelinye ibandla lehlelo. Kodwa noma yiliphi ibandla oyofisa ukungena kulo, hhayi ihlelo, kodwa ungene enhlanganyelweni, hhayi ngakho konke

okwebandla, kodwa inhlanganyelo kaMoya oNgcwele. Khonake usuMtholile. Kuyoba nokukholwa okuzinzile.

72 Uma uyiMethodisti, iBaptisti, iKatolika, iPresbyterian, noma ungahle ube yini, uma uthola uJesu njengoMsindisi wakho siqu, hhayi ngokuxhawula izandla nomshumayeli, noma izimfundiso zesivumokholo, kodwa ngokuthola iNkosi uJesu. Namabandla namhlanje, enza izivumokholo zawo kanjalo, baphanga uNkulunkulu. Bathatha izimfundiso zabo, futhi benze imiyalo kaNkulunkulu ize. Alinamthelela phezu kwabantu. Ngani na? Ngenxa yokuthi isayense yethu yezenkolo eyenziwe umuntu, izimfundiso zethu nezivumokholo zethu, zivale izibusiso kubantu, futhi abanalo ithuba lokuWemukela. Abazi lutho ngaWo. Bazi nje ukuthi bangabebandla. Futhi yingakho singenanhlanganyelo, amabandla, elinye nelinye. Yingakho ukuthi banemvuselelo futhi amanye amabandla angeke abambisane nabo, ihlelo elithize, ngoba bathi, "Akusilo ukholo lwami."

73 Kukhona ukuKholwa okukodwa kuphela. IBhayibheli lasho njalo. Hhayi ukukholwa esivumwenikholo; hhayi ukukholwa ehlelweni. Kodwa ukukholwa kuNkulunkulu. Yilokho kukholwa kuphela okukhona. "Ukukholwa okukodwa, iNkosi eyodwa, nombhaphathizo owodwa." UmBhalo usho njalo.

74 Futhi manje, ngemva kokuhamba, uhambo losuku lonke, babheka phakathi kwezihlobo zabo zomndeni, futhi abaMtholanga.

75 Ngiyazibuza, kulobubusuku, bangaki abantu phakathi lapha abawelele ebandleni leBaptisti futhi bazibandakanya neBaptisti. Manje, akukho lutho . . .

76 Angikhahleli wona amabandla. Ngingowabo bonke. Kodwa, lokho engikukho, ngokumelana; kungukuthi, benza izivumokholo zabo, futhi badwebe imigqa nemingcele. Ukuba onke amabandla ahlale ngqo eBhayibhelini, futhi nje aLifunde ngendlela, futhi angagangi ngaLo, nje aLiyeke ngendlela uNkulunkulu aliLoba ngayo! Kodwa bayohamba isiqeshana, bathi, "O, lokho kwakungokomunye unyaka." Akusikho okomunye unyaka. UNkulunkulu unguye izolo, namhlanje naphakade.

77 Manje, uyohamba uhambo losuku, futhi uyoqalaza futhi uyobona isivumokholo esithize, bese ucabanga ukuthi, "Awu, mhlawumbe yilokho." Futhi uyongena futhi uyoqalaza. Kuyoba khona umuntu phakathi lapho ozokwenza okuthile. Uyothi, "Lokho akusikho."

78 Uyothola incwadi iletha yakho evela kulelobandla bese uyiwelisela kwelinye. Bese kuthi-ke uyoba phakathi lapho izinsuku ezimbalwa, noma mhlawumbe amaviki, noma izinyanga, noma ngisho neminyaka. Umuntu othile uyocasula leyonqola yakho yama-aphula encane, futhi uyohamba

nencwadi iletha yakho, kwenye indawo; futhi ukusuka lapho, uya endaweni ethile. Awuhlaliseki neze. IBhayibheli lathi, "Unjengezinkanyezi ezizulazulayo, imikhumbi engenaseyili, uzanyazanyiswa yiyo yonke imimoya yemfundiso ngapha nangapha." Lapho, iBhayibheli lisenqabela ukuba senze lokho.

79 Zinza. Yazi ukuthi umi kuphi. Ungakwesekeli . . . Manje, ungabaqotho ngokuthembeka nalokho, uzinzile. Ungaba ezinzile iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iKatolika, noma yini enye, ezinzile nje. Kodwa ungazinzi emfundisweni yakho yebandla. Zinza eMfundisweni yeBhayibheli. Bese uhlola izimfundiso zakho ngeBhayibheli. Buza ukuthi uJesu wayengubani. Uma Engesuye namhlanje, khona-ke imfundiso yakho ayilungile.

80 Unesibonelo. Futhi Wathi, "Ngiyisibonelo sakho. Ngikunike isibonelo, ofanele ukwenze komunye nomunye, njengoba ngenzile kuwe." UJohane oNgcwele 13.

81 Manje, kodwa uthola ukuthi, yilokho okwenzekayo. Manje, kunendlela eyodwa yangempela kuphela yokuMthola-ke, uma ungaMfumani phakathi kwezihlobo. Wabuyela emuva lapho aMshiya khona.

82 Yilokho ibandla ebelifanele likwenze. Buyela emuva lapho owaMshiya khona, futhi uzoMthola lapho, wena Methodisti, Baptisti, namaPentecostal, nama-Assemblies of God, nani nonke, abeTabernakele likaBranham, nokunye nokunye. Buyela emuva lapho enaMshiya khona.

83 Kungikhumbuza ngomfundisi, ngesinye isikhathi esedlule, eMpini yoMhlaba yesiBili. Wayengitshela ukuthi waye ngumshini . . . waya kumuntu, leso kwakuyisibhamu umshini gani. Bamtshela ukuthi wayefa. Wayekade edutshulwe esifubeni, ngesibhamu umshini gani, izinhlamvu eziningi, wathi indoda iyafa. Nomfundisi wangena ukuba ambone. Futhi yayingukapteni. Futhi wangena etendeni, wayesethi, "Kapteni, ngabe ungumKristu na?"

Yathi, "Awu, ngake ngaba ngumKristu."

Wathi, "Khona-ke kwenzekani na?"

Yathi, "Angikhumbuli nje ukuthi kwaqala kanjani."

84 Futhi wabheka ishadi lakhe. Futhi wabona ukuthi wayenikezwe imizuzu emithathu kuya kwemihlanu, ukuba aphile, futhi ingxenye enhle yaleso sikhathi yayisivele isetshenzisiwe. Sazi kancane kangakanani kodwa isikhathi sethu esiningi sesivele sichithiwe futhi! Nomfundisi wathi kukapteni, wathi, "Kapteni, uMshiyephi na?"

"Awu," yathi, "Angikhumbuli okwamanje."

85 Wathi, "Kungcono usheshise, ngoba awunaso isikhathi esiningi sokubuyela ezansi emgwaqweni lapho oMshiye khona."

Wayesethi, "Nomaphi lapho oMshiye khona, ngakho-ke yana khona lapho futhi uqale, futhi uzoMthola."

86 Nomfundisi wathi walinda izikhashana ezimbalwa neBhayibheli esandleni sakhe ukuzwa ukuthi ukapteni uzothini. Futhi waqhubeka ecabanga futhi ecabanga, futhi wadonsa kanzima, njengoba igazi laligcwala ephashini lakhe. Futhi emva kwesikhashana, ukumamatheka okukhulu kwafika ebusweni bakhe, nezinyembezi zagingqika zehla esihlathini sakhe. Yathi, "O, ngiyakhumbula."

Wathi, "Qala kusukela lapho, kapteni, masinyane."

87 Nokapteni wathi, "Manje sengiyazilalela. Ngikhuleka ukuba iNkosi igcine umphefumulo wami. Futhi uma ngifanele ngife ngingakavuki, ngikhuleka ukuba iNkosi ithathe umphefumulo wami." Waguqula ikhanda lakhe, futhi wayesehambile.

88 WaMthola kuphi na? Esipiliyonini sasesikoleni esiphakeme na? Ekuqeqesheni kwakhe kwesayense ephathelene nengqondo yomuntu na? Esivumwenikholo sakhe na? Ebandleni lakhe na? Qhabo! WayeMtholephi na? Embhedeni wezingane. Yilapho ayeMshiye khona, futhi yilapho uJesu ayelinde khona.

89 Asisoze sathola uJesu ngokubuyela emuva ekuqaleni kobuBaptisti, emuva ekuqaleni kobuMethodisti, noma ubuKatolika. Sizothola uKristu kuphela lapho siphindela epentekoste, ekuqaleni. Hhayi ihlelo manje, kodwa esehlakalweni sangempela sasepentekoste. Lapho abantu abayikhulu namashumi amabili babuthana eKamelweni eliPhezulu, ukuthi uJesu wayebathumele lapho, Wayesebatshela, "Hlalani emzini waseJerusalema nize nembathiswe aMandla avela Phezulu."

90 Asisoze salinda isikhathi eside ngokwanele ukuze sithole imfundo eyanele, hhayi ukuthola iZiqu zobuDokotela, noma isipiliyoni sesayense yezenkolo. Kodwa sizodingeka silinde kuze kwehle lowoMoya oNgcwele wasepentekoste phezu komuntu ngamunye, ngokwembathiswa aMandla okuguqula ubuso bakhe owesilisa nowesifazane esonweni nasezintweni zezwe, nokuphila njengomKristu. Khona-ke ungajoyina noma yiliphi ibandla olifisayo.

91 Kodwa siMshiye epentekoste. IMethodisti iMshiye epentekoste. IBaptisti iMshiye epentekoste. IKatolika liMshiye epentekoste. I-Amish liMshiye epentekoste. IBrethren iMshiye epentekoste. I-Assemblies of God iMshiye epentekoste. Ibandla iUnited iMshiye epentekoste. Yilapho Aqala khona.

92 O Nkulunkulu, siza lokhu ukuba kushayele kuye ekhaya kuzo zonke izinhliziyo. Yingakho Engahlali kulesisakhiwo. Yingakho Engezi ezivumwenikholo zethu namahlelo. Sishiye izimiso.

93 Lalelani. UJesu wathi, "Mina nginguMvini, nina ningamagatsha." Futhi lapho iBandla Lazimbela kuJesu, Laveza igatsha lasepentekoste. Futhi uma igatsha lokuqala liphuma eMvinini, wasepentekoste, wonke amagatsha azomele abe njengelasekuqaleni. Sifanele sibuyele emuva esehlakalweni sasepentekoste futhi.

94 Uma umvini uveza igatsha lomvini wamagrebhisi lapha, igatsha elilandelayo lizoba umvini wamagrebhisi, igatsha elilandelayo lizoba umvini wamagrebhisi, negatsha elilandelayo lizoba umvini wamagrebhisi.

95 Futhi uJesu Kristu unguye izolo, namhlanje, naphakade. Futhi Angaba nohlobo olulodwa kuphela lwamagatsha, futhi lawo amagatsha asepentekoste, eBandleni laKhe, ngesahlakalo sasepentekoste.

96 "O," wena uthi, "Mfowethu Branham, umzuzu nje. Ngithembekile esivumwenikholo sami."

97 Uma isivumokholo sakho sifundisa ukuthi konke omele ukwenze ukuxhawula umshumayeli, uJesu wathi, "Kwakungenjalo kusukela ekuqaleni."

98 Wena uthi, "Mfowethu Branham, ngingowehlelo elikhulu, futhi ibandla lami lisho ukuthi izinsuku zezimangaliso sezedlule."

99 UJesu wathi, "Kwakungenjalo kusukela ekuqaleni." Kwakukuphi ekuqaleni na? EPentekoste, lapho aMandla kaNkulunkulu ophilayo awela phezu kwabantu abayikhulu namashumi amabili, futhi wababhaphathiza ngoMoya oNgcwele naMandla, ukuba baMkhonze. Lokho kwaguquka izwe elaziwayo.

100 Wena uthi, "Mfowethu Branham, ibandla lami liyakholwa." Sibona abesifazane ezitaladini namhlanje, bebhema osikilidi, begqoke izikhindi. Wena uthi, "Awu, umelusi wami akasho lutho ngakho. Ibandla lethu lithi lokho kulungile."

101 Kodwa uJesu wathi, "Kwakungenjalo kusukela ekuqaleni." Kwakungenjalo. "Ukuba abesifazane, abayogqoka ingubo yowesilisa, kuyisinengiso emehlweni kaNkulunkulu."

102 Wena uthi kimi, "Mfowethu Branham, ubusuku obumbalwa obedlule, walahla ukufafaza." Kodwa wena uthi, "Ibandla lami lifundisa ukuthi ungafafazwa, futhi kulungile."

Kodwa uJesu wathi, "Kwakungenjalo kusukela ekuqaleni."

103 Wena uthi, "Kodwa, Mfowethu Branham, ibandla lami likholwa ekuthululeni. Futhi ngiqotho. Futhi liyibandla elikhulu."

Kodwa uJesu washo, ukuthi, "Kwakungenjalo kusukela ekuqaleni."

104 Uthi, "Mfowethu Branham, ngiye ngacwiliswa, 'egameni likaYise, nasegameni leNdodana, nasegameni likaMoya oNgcwele.'"

105 IBhayibheli lathi, "Kwakungenjalo kusukela ekuqaleni." Akukaze kube khona into enjalo. Ukulandela enye imfundisoze nesivumokholo okwenziwe umuntu!

106 UPetru wathi, ngoSuku lwePentekoste, eBandleni lokuqala, "Phendukani, yilowo nalowo, abhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu, kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, futhi niyakwamukela isiphiwo sikaMoya oNgcwele. Ngokuba isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, nakubo abakude, nabo bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Noma yini ephambene naLokho, yayingenjalo ekuqaleni.

107 Wena uthi, "Ngingowehlelo elikhulu elithi, 'Sikhuluma lapho iBhayibheli likhuluma khona, futhi sithula lapho Lithula khona.' Nebandla lethu lisho, ukuthi, 'Izinsuku zezimangaliso selwedlule.'"

108 "Kwakungenjalo kusukela ekuqaleni." UJesu wathi, "Wayezoba onguye izolo, namhlanje naphakade." "Kodlula amazulu, kodwa iZwi laKhe alisoze ledlula."

109 Siphila osukwini ukuthi bathathe imiyalo kaNkulunkulu futhi bayiphendukezela bayisa emasikweni amadoda, kodwa kwakungenjalo kusukela ekuqaleni. Yisiko lamadoda esiwakhonzayo, hhayi imiyalo kaNkulunkulu.

110 Sime lapha namehlo ethu uqobo, izolo ebusuku, futhi sabona umshumayeli oyimpumputhe emukela ukubona kwakhe, emi emsamo. Futhi ngiMbone ephilisa wona amathunzi okufa, ngaMbona eletha abantu abathathu ekuphileni emva kokuba sebemenyezelwe njenga "abafileyo," ngudokotela.

Wena uthi awukukholwa lokho. "Ibandla lami alikukholwa."

111 Kodwa Lokho kwakuyiqiniso kusukela ekuqaleni. Noma yini ephambene ayinjalo, kusukela ekuqaleni, ngoba uNkulunkulu unguNkulunkulu wokuPhila. UNkulunkulu uMninimandla onke, Angeke ahluleka. Unguye izolo, namhlanje, naphakade. Singeke saMthola ezivumwenikholo zethu. Singeke siMthole emahlelweni ethu. Kuzomele siMthole lapho siMshiye khona.

112 Wena uthi, "Awu, nginakho, Mfowethu Branham. Ngiyakutshela ukuthi ngenzeni. Ngasina eMoyeni. Ngiyazi nginaWo."

"Kwakungenjalo kusukela ekuqaleni."

"Ngikhulume ngezilimi, ngakho ngiyazi ukuthi nginaWo."

"Kwakungenjalo kusukela ekuqaleni." Kunjalo.

Wena uthi, "Ngamemeza, futhi nginaWo."

113 "Kwakungenjalo kusukela ekuqaleni." Kunjalo. Ukwazi uKristu ngukwazi uMuntu kaKristu, ekuthethelelweni kwezono, futhi kuguqula impilo yakho.

114 Ngibone abantu besina, bememeza, bekhuluma ngezilimi, nokunye nokunye, futhi baphile noma yiluphi uhlobo lokuphila. Ngakho, lokho kungeke kwaba ngokuyikho. Ngibabone bejoyina amabandla, bexhawula izandla, bebhaphathiza, bedlula kuzo zonke izinhlobo zezivumokholo, futhi besalokhu bephila njengodeveli. "Kwakungenjalo ekuqaleni."

115 Ukuhlangana naYe, uMuntu, iNkosi uJesu, ukwazi Yena njengoMsindisi wakho uqobo, ukwazi Yena njengeSthandwa sakho, "Ukwazi Yena engukuPhila." Kodwa lezi ezinye izivumokholo nezinto, akukaze ekuqaleni kwake kwafakazelwa yiNkosi yethu. "Hambani niye ezweni lonke futhi nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo." Kude kangakanani na? "Umhlaba wonke." Kubani na? "Konke okudaliweyo." "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Lokho kwakunjalo ekuqaleni. Noma yini ephambene nalokho akulungile. Awukutholi ezivumwenikholo. Ukuthola kuKristu. NguYe kuphela.

Wena uthi, "Mfowethu Branham, iBhayibheli lathi lapho . . ."

116 Lathini na? "NgeGama Lami bayakukhipha odeveli; bayakukhuluma ngezilwimi ezintsha, izilimi; futhi uma bephatha izinyoka, noma baphuze okubulalayo, angeke kwabalimaza; uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, bayosinda." Yilokho okwakushiwo umBhalo. Noma yini ephambene naLokho . . .

117 Wena uthi, "Lezi zibonakaliso ziyobalandela. Nansi indoda endala elungile. Ikhokha okweshumi kwayo. Isebenza kahle. Iphatha kahle umakhelwane wayo." Uma kuyilokho kuphela okukuthathile, uKristu wayengadingekile ukuba afe.

118 Kuthatha isehlakalo somuntu siqu sokudlula esuka ekufeni angene ekuPhileni, futhi eba isidalwa esisha kuKristu uJesu, noKristu enhliziyweni. Lowo nguMoya oNgcwele. Yilapho owaqala khona.

119 Labo bafundi babengamadoda alungile. Babengamadoda anokulunga. Bakhokha izikweletu zabo. Babeqotho. Bangahlinzeka ngama itshi ayishumi nesikhombisa eyadini; nama-awunsi amaningi kakhulu ngaphezu kukapondo; futhi uhambe imayela elodwa, bahambe amabili. Babengabenkolo kakhulu, babenjalo nalabo baFarisi. Kodwa uJesu wathi, "Uma umuntu engazalwa ngokusha, angeke ngisho angene eMbusweni."

120 Sifanele sibuyele emuva lapho esiMshiye khona. Sibuyele emuva futhi sithole lapho, ngoba lezi zivumokholo zazingenjalo ekuqaleni. Amabandla amahlelo ayengenjalo ekuqaleni. Ngakho

nje qathaza yonke into futhi uphuthume emuva epentekoste, bese uthola oneqiniso noNkulunkulu ophilayo, Ophulukisa abagulayo, ahlambulule abanochoko, akhiphe odeveli, futhi abiza okuseBhayibhelini, onguye izolo, namhlanje naphakade. UnguNkulunkulu wasekuqaleni. UnguYe Ongaguquki. Angeke abe nguNkulunkulu, futhi abe enye into ethize namhlanje nenye into ethize kusasa, nenye into ethize. Angeke abe nomkhawulo futhi abe njalo. Ngokuphelele Unguye izolo, namhlanje, naphakade.

121 Manje, bangane, ngosuku esiphila kulo, lapho sibona ukuthi amadoda onakalise izwe ngamasiko awo, lapho onakalise ibandla ngamasiko awo, lapho onakalise izingqondo zabantu ngamasiko awo! Asedlulanga kukho ngobunye ubusuku, futhi sibone ukuthi lelobandla elidala ngegama, noma ibandla eliyisifebe elalinamadodakazi, futhi bobabili baphela, ngenxa yeMfundiso, nobufebe bokungcola kwabo na? Lokho kufika kuzo zonke izinhlangano. Zingcolisiwe.

122 Futhi, manje, angisho ukuthi baleka enhlanganweni yakho. Kodwa baleka ekubambeleleni nje kuleyo nhlangano. Finyelela kuKristu. Lezo zinto azilungile. Asibuyele emuva ekuqaleni. Khona-ke, uma singenza lokho, uyothola uKristu ehamba engena kulowo muzi owakhiwe phezu kweDwala eliqinile. Futhi lapho izibonakaliso nezimangaliso nazo zonke izibusiso uNkulunkulu azethembisa zizobonakaliswa kuleloBandla.

Asikhuleke.

123 Ngaphambi nje kokuba siye emkhulekweni, ngenkathi ngisashiya lesisixwayiso esizothile enhliziyweni yakho, ngabe kusenawe njengoba kwakunawe ekuqaleni na? Ibandla okulo, ngabe yisivumokholo kuphela noma ihlelo, noma ngabe isehlakalo esikulethela lokho njengoba kwenza ekuqaleni na? Uma kungenjalo, khona-ke akunjalo. Ungeze ekuqaleni-ke, bese uqala lapha na? Futhi ubaleke ezivumwenikholo nasemahlelweni, futhi ukhonze uNkulunkulu ophilayo. Uma ulapha, kulobubusuku, futhi ufisa ukuba ukhunjulwe emkhulekweni wokuvala, ungaziphakamisa izandla zakho kuNkulunkulu, bese uthi, "Ngikhumbule, Mfowethu Branham." UNkulunkulu akubusise, esakhiweni. Lokho kuhle. Lokho kulungile.

124 Akunandaba ukuthi ungowaliphi ibandla, ihlelo lakho, phakamisa isandla sakho, uthi, "Yiba nomusa, Nkulunkulu, kimi." UNkulunkulu akubusise. Lokho kulungile. Izinqwaba zezandla eziphakeme, esakhiweni sonke.

125 "Ngikhumbule ngomkhuleko, mfowethu, ngalelihora," wena uthi, "ngoba ngifuna ukubuyela emuva ekuqaleni." UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, wena, wena phansi lapho, emuva ehholo, phezulu ngaphandle. INkosi ikubusise. UNkulunkulu uyazibona izandla zakho, ziningi

kakhulu ukuba ngizibale. Wazi wonke umuntu. Emuva le, lelonenekazi elizama ukuphakamisa izandla zalo phezulu le ngemuva lapho, busiswa, dadewethu.

126 UJesu wathi, "Nifundisa iMfundiso amasiko abantu, futhi nenza imiyalo kaNkulunkulu ize, ngamasiko enu." Futhi uma Akusho ngalolo suku, kuthiwani ngalokhu na? Asibuyele ekuqaleni manje. Lokho oku . . . Kuthiwani ngakho-ke na?

127 Uma iGatsha livela ngoSuku lwePentekoste, futhi laveza iBandla lalolo hlobo, baya kulo lonke izwe, izibonakaliso nezimangaliso zabalandela ndawo zonke. Hhayi izibonakaliso nezimangaliso esizozibiza namhlanje, kodwa usuku lapho bephuma khona. Bashumayela ndawo zonke. Babhaphathiza abantu, bephindelela, eGameni leNkosi uJesu. Ba—bakhipha odeveli. Baphulukisa abagulayo. Baba nokunqoba, kusukela ekuqaleni kuye ekupheleni.

128 Futhi uma isiko lebandla lakho likufundise okuphambene naLelo, asibuyele emuva ekuqaleni lapho sashiya khona. Futhi asikhiqize lapha, kulobubusuku, amalungu eBandla njengasekuqaleni, ayenothando lobuzalwane, omunye komunye, babeka phansi izimpilo zabo benzela omunye nomunye. Amadoda nabesifazane abathandanayo, lolo thando lukaNkulunkulu, baze baya etilongweni lokuhlunyeleliswa kwezimilo noma ezindaweni zokuphanyekwa omunye enzela omunye. Lelo yiBandla lasekuqaleni.

INkosi ikubusise, sisakhuleka.

129 Baba waseZulwini othandekayo, njengoba siza ekuvaleni kwaloMlayezo omncane, kulobubusuku, nabantu bemi bezungeze izindonga, belindile, bencike ezinsikeni, nangasezindongeni, ngisho nangaphandle. Futhi baphakamisa izandla zabo, bafune ukuhlangana nalowo Jesu wasekuqaleni. Siphe khona, Nkosi, ngalo leli hora, bahlangana naYe. Ngoba kulotshiwe ukuthi, "Babusisiwe abalamba futhi bomele ukulunga, ngoba bayosuthiswa." Isibalo esikhulu sezandla, Baba. Eziningi zabo, angikwazi ukuzibala kanye kanye. Kodwa Uzibona zonke, futhi uzazi zonke.

130 Futhi kulotshiwe, ukuthi, "Akekho ongeza kiMi, uma uBaba Wami engamdonsi." Sebenele yilezi zivumokholo, futhi bayaqonda ukuthi abamtholi uJesu ephakathi kuzo. NjengoMariya noJosefa, bamele babuyele emuva ekuqaleni lapho beMshiye khona. Bafisa ukuphindela emuva, kulobubusuku, esehlakalweni sasepentekoste, bese bamukele uMoya oNgcwele, futhi lapho bazalwe kabusha eMbusweni kaNkulunkulu. Futhi, siphe khona, Nkosi, ukuthi ngamunye wabo uzomukela leso sehlakalo, kulo lelihora. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu, iNdodana yaKho.

131 Futhi sisakhothamise amakhanda ethu. Angazi noma ningakwazi noma qhabo; uma ningathanda ukuphumela

ngaphandle ningene maphakathi nesikhala sezihlalo, kunendawo yokuhamba ngalapha. Yehlelani lapha ngqo, futhi nizungeze ialtare, bese nithi, "Mfowethu Branham. . ." Uma ukukholwa ngempela lokho.

132 Kungahle ukuba ngibe yindida kini, ezikhathini esezadlula. Kodwa ngibona ukuthi kukhona okwenzekile, izigidi emhlabeni jikelele ziWemukelile. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

133 "Futhi kubonakala sengathi kubuyela emuva kuqonde ngqo ekuqaleni, eBhayibhelini. Angikabinaso lesosehlakalo, kodwa ngi—ngifuna wena ukuba ungikhulekele, kulobubusuku, khona lapha ealtare, futhi ubeke izandla phezu kwami. Ngoba yileyo ndlela abakwenza ngayo ekuqaleni."

134 UFiliphu wehla futhi washumayela kumaSamariya. Futhi wayebabhaphathiza bonke eGameni likaJesu. Kodwa uMoya oNgcwele wawungakafiki nakoyedwa kubo, kwaze kwaba yilapho bethumela khona uPetru. Futhi wehla wase ebeka izandla kubo, futhi bemukela uMoya oNgcwele.

135 Uma ubungafisa umkhuleko, futhi uma umphefumulo wakho uthwele isono, futhi nokho uzamile amabandla nemibhaphathizo, nokunye nokunye, kodwa akusebenzanga; uma ufuna ukuba, mina ukuba ngikhuleke nawe, kulobubusuku, yenyukela ngqo lapha manje. Ngizojabula ukunikela inkonzo yami yomkhuleko wanoma yimuphi wenu, yiba qotho. Futhi ngiyakholwa ukuthi uma uza ezinjulweni zobuqotho bakho, uNkulunkulu ongavula amehlo aphuphuthekile angahlanza inhliziyo engcolile. UNkulunkulu ongavusa abafileyo, ngokwenyama, ngokuqinisekile angamvusa ngokomoya. Lowo ongaphilisa umzimba ofayo, ngokuqinisekile angaphilisa umphefumulo ofayo. *Ukuphilisa* kusho "ukwenza kuphile." Kwangathi uNkulunkulu angajulisa lokho enhliziyweni yenu, bangane bami abathandekayo.

136 Nina bantu lapha, bedolobha laseJeffersonville, naseNew Albany, naseLouisville; angazi ukuthi uzoma kanjani ngoSuku lokwaHlulela, ngoba uNkulunkulu wenze konke khona lapha, kuleli elidala elincane elithobekile, itabernakele elibukeka liphukile labheka phansi. Uphulukise abagulayo. Ubonise izibonakaliso nezimangaliso. U—Uveze lokhu, iZwi laKhe, kungaphambuki nanto eyodwa emiBhalweni, futhi Wazifakazisa ukuthi unguNkulunkulu wabaphilayo.

137 Uzolenza kanjani iZulu ikhaya lakho, futhi ubambelele ezivumwenikholo namahlelo, izinkolo zamanga, nombhaphathizo wamanga, namadlingozi amanga na? Uzokwenza kanjani, uma kusenhliziyweni yakho ngqo, ezandleni zakho, ukwenza isinqumo sakho na? Ngangisendaweni yakho, ngaphambi kokuba kube leyithi kakhulu inguna phakade, bengiyoza.

138 Ngokuba, khumbulani, uJesu wakhuluma ngabanye besifazane basesizweni. Futhi Wathi, "Indlovukazi yaseNingizimu iyakusukuma ngoSuku lokwaHlulela, kanye nalesi sizukulwane, isilahle, ngoba yeza ivela le emikhawulweni yomhlaba ukuzakuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni."

139 UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Uma nje ufuna ukuguqa, yehlela lapho ngqo. Uma abantwanyana behlehlele emuva ngokusemandleni abo manje, kulabo abangafuna ukuza futhi baguqe benzele umkhuleko.

140 Ngizocula nje ivesi noma amabili aleliculo, "Ngigxilise umphefumulo wami okwehange." Futhi ngifuna wonke umuntu akhuleke ngakho konke, ngenkathi sisabona uma labo abafuna uNkulunkulu belangazelela ukwehla futhi bakhuleke.

Ngigxilise umphefumulo wami okwehange endaweni yokuphumula,
Angisayikuhamba ngomkhumbi olwandle olugubhayo;
Isiphepho singahle sibhebhethise ukudlanga, izivunguvungu zijule,
KuJesu ngiphephe njalo njalo.

Ngibambelelise okwehange owami . . .

141 Njengoba uMoya oNgcwele uzo, siholela phansi ngqo ealtare manje ngomkhuleko.

. . . hamba ngomkhumbi olwandle olugubhayo . . . (Woza, mhlubuki.)
Isiphepho singahle sibhebhethise ukudlanga, izivunguvungu zijule,
KuJesu ngiphephe njalo njalo.

Ngikhanyise, Nkosi, ngikhanyise,
Makuthi ukuKhanya okuvela e light- . . .

142 Yilokho okuyikho. YiZwi. Khanyisa . . . NinaKho kukhanya nxazonke ngakini.

O, khanyisa ki . . .

143 Ungephume udlule uphume esihlalweni sakho, wehle na? Buyela emuva ebandleni lakho, nomaphi lapho uvela khona; kodwa woza lapha futhi uMthole njengoba Wayenjalo ekuqaleni.

Makukhanye ukuKhanya okuvela esibanini solwandle.

Ukufana noJesu, nje ukufana . . .

144 Bangaki abangathanda ukuba njalo? Phakamisa isandla sakho nje.

Emhlabeni ngilangazelela ukufana naYe;
Konke ohambweni lwempilo ukusuka emhlabeni kuya eNkazimulweni,
Kuphela ngicela ukufana naYe.

Emkhombeni waseBhetlehema kwavela iSihambi,
Emhlabeni ngilangazelela ukufana naYe;
Konke ohambweni lwempilo ukusuka emhlabeni kuya eNkazimulweni
Kuphela ngicela ukufana naYe.

Ukufana nje noJesu, ukufana noJesu,
Emhlabeni ngilangazelela ukufana naYe;
Konke ohambweni lwempilo ukusuka emhlabeni kuya eNkazimulweni
Kuphela ngicela ukufana naYe.

145 Njengoba laba, abalilayo abathandekayo, labo abazizwele ukulahlwa ngecala nguMoya oNgcwele, ubabizela esiphethweni sabo sokugcina. Futhi khumbulani, kungenzeka kumuntu omncane kunabo bonke phakathi lapha, kungakapheli imizuzu emihlanu. Nasehoreni kusukela manje, kungenzeka kungabi nomuntu ophilayo emhlabeni. Kungenzeka. Isayensi yathi, eminyakeni emibili eyedlule, "Kwakuyimizuzu emithathu ngaphambi kwaphakathi nobusuku." Niyazi besikushumayela ngeziprofetho. Okulungele ukukwenzeka nje. Futhi kungani uSathane ekugcina usesibiyelweni, ngokungabaza okuncanyana kakhulu engqondweni yakho na?

146 Manje, wena lapha osufafaziwe, wathelwa, noma—noma wabhaphathizwa ngezinye izindlela kunombhaphathizo wobuKristu, makwazeke lokhu kuwe.

*Kwathi uPetru esakhuluma lawo mazwi, uMoya oNgcwele wehlela. . . .phezu kwabo ababelizwa izwi.*

*Abokusoka abakholwayo, abaningi ababefikile noPetru bamangala kakhulu, ngokuba. . .isipho sikaMoya oNgcwele sitheliwe. . .phezu kwabeZizwe.*

*Ngokuba babezwa bekhuluma ngezilimi, betusa uNkulunkulu. Khona uPetru waphendula wathi,*

*Ukhona yini ongala namanzi, ukuba bangabhaphathizwa laba, abamukela uMoya oNgcwele njengathi na?*

Khona-ke *wabayala ukuba babhaphathizwe egameni leNkosi* Jesu Kristu.

147 IZenzo 19, ake nginicaphunele, kubantu beBaptisti. Futhi lalelisisani.

*Kwathi, lapho, u-Apholo eseKorinte, uPawulu wafika. . .*ase-*Efesu esedabulile amazwe angasenhla: wathola abafundi abathile,*

> *Wathi kubo,* Na*mamukela yini uMoya oNgcwele mhla* ni*kholwayo na?*. . .*bathi kuye, A*. . .sazi *nokuba kukhona uMoya oNgcwele.*
>
> *Wathi kubo, Pho na*. . .*bhaphathizelwa kukuphi na? Base bethi,* sabhaphathizwa ngo*kuka*Johane. . .
>
> . . .wayesethi, Ngiqinisele, uJohane wabhaphathiza kukho ukuphenduka, *ethi*. . .*mabakholwe nguyena* o*zakuza*. . .*kungukuthi, ku*Jesu Kristu.
>
> Futhi *bathi ukuzwa lokhu, ba*bhaphathizwa futhi *egameni leNkosi uJesu* Kristu.
>
> *Kwathi*. . .*uPawulu*. . .*bekile izandla* phezu *kwabo,* no*Moya oNgcwele wehlela phezu kwabo; base* bekhuluma *ngezilimi,* babaza uNkulunkulu.

148 AbaseGalathiya 1:8, uPawulu ekhuluma futhi.

> Njengalokhu ngishilo, ngiyaphinda futhi; *kungaba yithina, noma ingelosi evela ezulwini, enishumayeza ivangeli eliphambene nalelo esanishumayeza lona*. . . *makabe ngoqalekisiweyo.*

149 Akunandaba ukuthi zingaki izivumokholo zokukhanya, mangaki amahlelo, zingakanani izinto! Uma ungakabhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu, nina makholwa, ngiyaniyala, eGameni likaJesu Kristu, ukuba nihambe niye kulelichibi bese nibhaphathizwa. Kunjalo. Ya. Yilokho kanye umBhalo okushoyo. "Ngokuba alikho elinye iGama ngaphansi kweZulu, elinikezwe phakathi kwabantu, osindiswa ngalo." Kungakhathaleki ukuthi u. . .okwenzile, ukuthi uwemukele kangakanani uMoya oNgcwele, asibuyele ekuqaleni. Uma wake wafafazwa, wathululelwa, noma wabhaphathizwa, egameni lika "Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele," yisivumokholo esingamanga. Akukho muntu eBhayibhelini owake wafafazwa, owake wathululelwa, noma wake wabhaphathizwa ngisho egameni lika "Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele." Asibuyele emuva ekuqaleni, futhi uzoMthola. Ialtare livuliwe, nechibi lilindele. Ngenkathi sisacula kanye futhi, "Ukufana nje noJesu."

> Ukufana nje noJesu, ukufana noJesu,
> Emhlabeni ngilangazelela. . .

150 Ungeke weza lapha na? Kuthiwani ngani makholwa na? Kuzoba negumbi elivulekele nina lapha, emzuzwini nje.

> Konke olwempilo u hamb-. . .

151 Wathini na? "Kwakungenjalo kusukela ekuqaleni." Uma ufuna ukufana naYe!

> . . .eNkazimulweni
> Ngicela kuphela ukufana naYe.

152 Masikhuleke futhi. Woza, dadewethu, uma uza ealtare lapha. Kulungile.

153 Nkosi Nkulunkulu, makulotshwe, futhi makwenziwe, Nkosi. Kulotshiwe, ngakho manje makwenziwe. Ngeke ngaba necala ngoSuku lokwaHlulela, ngokuma emva kwesinye isivumokholo sebandla; kodwa ukushumayela iVangeli eligcwele, eMandleni ovuko lukaMoya oNgcwele.

154 Manje, Nkosi, Ungawahlonipha lamaZwi, futhi Ungawuthumela uMoya oNgcwele kulaba, kulobubusuku, Nkosi na? Futhi uphulukise abagulayo nabahluphekile ophakathi kwethu, ukuze abantu bangazi ukuthi uNkulunkulu owaloba iBhayibheli useselapha, futhi Akaguquki, nakuba umuntu ezama ukuguqula iZwi. Kodwa UnguNkulunkulu ongaguqukiyo, owathi, “Kwakungenjalo kwasekuqaleni.” Futhi uma sibona ukuthi igatsha lokuqala laliyini, eMvinini, ngokwempela singenza iNcwadi yeZenzo isibonelo sethu njengebandla.

155 Siphe khona, Nkosi, kulobubusuku, ukuthi wonke umuntu olapha ongazange ayilandele iNkosi uJesu, futhi uJesu eqinisekisa ukuthi Wayenabo, ngezibonakaliso nezimangaliso zemfundiso yeTestamente eLisha, yeNcwadi yeZenzo okwavezwa kuyo igatsha lokuqala, kwangathi zingawa ngokuzithoba ezinyaweni zaKhe futhi siqhubekele phambili, Nkosi, futhi siMthole njengoba Wayenjalo ekuqaleni. Ngoba angeke saMthola phakathi kwezivumokholo zethu namahlelo, naphakathi kwezethu ezincane, izimfundiso ezibuthakathaka zalolusuku. Simelwe ukubuyela emuva kuNkulunkulu naseBhayibhelini.

156 Nalabo abalaba beguqe ngamadolo abo, lowo ofuna uMoya waKho oNgcwele, futhi bayakholwa ukuthi Uzakufika phezu kwabo, abahleli kunoma iluphi uhlobo oluthile, noma iyiphi indlela ethile. Bafuna nje uMoya oNgcwele ukuba ufike kubo. Siphe khona, Nkulunkulu, ukuthi izinhliziyo zabo zivulwe ngalesi sikhathi, naMandla kaNkulunkulu ophilayo awele ezinhliziyweni zabo, futhi ubagcwalise, futhi uthethelele izono zabo, futhi ubagcwalise ngoMoya oNgcwele. Siphe lezizinto, Baba.

157 Manje namakhanda ethu ekhotheme, ngokuqhubeka nje omunye umzuzu, ngikholelwa ukuthi uNkulunkulu uzohamba ngendlela enkulu ngokudlulele, emizuzwini embalwa nje.

158 Uma kukhona abanye lapha, kulobubusuku, abayizihambi, abavela ngaphandle kwedolobha, abangakwazi ukubuya kwenye inkonzo, futhi usesimweni esiphuthumayo. Ngenkathi laba besese altare, befunisisa, belinde kuNkulunkulu; okungukuthi, sizolungisana nabo, emizuzwini embalwa. Kodwa uma belapha esimweni esiphuthumayo, futhi abakwazi ukulinda nje kuze. . . benzele enye inkonzo, bafisa ukukhulekelwa, ningaziphakamisa izandla zenu, umuntu ofanele ahambe. Oyedwa, ababili. Kulungile. Oyedwa, ababili, ongaphakathi

lapha manje, abathathu, abaphakathi lapha, ongasakwazi ukulinda isikhathi eside, ukuthi ba . . . nje ufanele ahambe. Abane. Ngibona oyedwa ngemuva. Kunabantu abane. Abahlanu. Omunye khona lapha. Kulungile, kukhona abahlanu phakathi lapha, kulobubusuku, abangasakwazi ukulinda isikhathi eside. Ngiyacabanga, uma ungakwazi, futhi ungama ngezinyawo zakho; uma ungakwazi, ungahle uthwalwe. Futhi ngenkathi sisagcina laba bantu ealtare, ngiyafuna, futhi, nina ukuba ningene ngale kuleligumbi lomkhuleko, ngale kohlangothi lwesandla sami sokudla lapha, laba bantu abahlanu.

159 Ngenkathi nje sisacela ukuthi abefundisi balo, ophakathi kwalesisakhiwo, kulobubusuku, okholwa ukuthi loMlayezo engiwushumayelile, ukuthi lezi zivumokholo ne—nezimfundiso ezenziwe ngumuntu, namhlanje, ayiveli kuNkulunkulu, kodwa zingezomuntu; nokuthi besifanele ngempela sibuyele emuva endleleni yeBhayibheli, sibuyele ekuqaleni. Ngifuna abanye balabo befundisi bahambe baye phambili futhi bame lapha nami, ngenkathi sisabeka izandla futhi sikhulekela laba bantu lapha, kulaba bantu abafuna izibusiso zikaNkulunkulu ezinkulu empilweni yabo. Abanye benu befundisi, uma nithanda, okholwayo yiLeli ukuthi liyiQiniso elibaluleke kakhulu likaNkulunkulu. Ningabuyi ngenye indlela manje. Niyabo? Yiba umuntu oLikholwa ukuthi liyiQiniso ngokuphelele.

160 Futhi labo manje, labo abahlanu ababababambe izandla zabo, zungezani ngakulolu olunye uhlangothi, uma ningakwazi. Noma, wozani ngapha ngemva komsamo, uma ningakwazi ukungena lapho, futhi sizobona ukuthi kwenzekani emizuzwini embalwa. Hamba ngqo wedlule *ngale* ndlela, mfowethu; uma abantwana bezohlehlela emuva lapho.

161 Futhi manje makuthi labo abezayo, manje, bezela ukukhuleka. Badluliseni, nje uma ningakwazi, khona ngalapha.

> . . .-ness luyoba usuku olukhanya ukwedlula konke.
> Khona-ke sonke masime isibindi,
> Ngoba asishiywanga sodwa;
> Isikebhe sosizo masinya siyeza
> Ukubuthela amaGugu aye eKhaya.
>
> Khona-ke nama, mfowethu, nama, (O, nama!)
> Izilingo zethu masinya zizophela,
> Siyakuhlangana nabathandiweyo bethu, siyakuhlangana,
> Ngaphesheya kogu olusagolide.
> Singabahambi nezihambi lapha,
> Sibheka umuzi ozayo,
> Isikebhe sosizo masinya siyeza,
> Ukubuthela amaGugu aye eKhaya.

Isikebhe sosizo masinya siyeza,
Ngamehlo okukholwa sengiyabona
Lapho eshwibeka emanzini
Ukusindisa wena nami,
Futhi asibeke ngokuphepha echwebeni
Nabangani esibathanda kakhulu kakhulu.
"Lungelani," kumemeza uKapteni;
O, bhekani, useseduze impela.

162 Bhekisisani amabhomu e-athomu, ningasho ukuthi uselungela ngaphakathi lapha.

O, nama,
Izilingo zethu masinya zizophela,
Siyakuhlangana nabathandiweyo bethu, siyakuhlangana,
Ngaphesheya kogu olusagolide.
Singabahambi nezihambi lapha,
Sibheka umuzi ozayo,
Isikebhe sosizo masinya siyeza,
Ukubuthela amaGugu aye eKhaya.

163 Manje, bangane, laba befundisi bazobuthana enhla ngapho manje, eduzane nalapha. Ngingenela kuloludaba oluphuthumayo abangezukubuya. Futhi isizathu sokuthi senze lokhu, njengoba sinjalo kulobubusuku, ngukuthi kunenkonzo yombhaphathizo ezayo emizuzwini embalwa nje. Futhi inkonzo elandelayo yombhaphathizo izoba ngeSonto ekuseni, emva kukaSonto sikole. Lokho kuzosishiya ngoMgqibelo ebusuku, ngoLwesihlanu ebusuku, futhi ngoMgqibelo ebusuku, nangeSonto ebusuku, ngeyomugqa wokuphulukisa.

164 Sifuna ukubeka insindiso kaNkulunkulu kuqala. Niyabo? Ukuphulukisa kuzokwenzeka. Asesabi ngalokho. Futhi ngakhoke kuzokwenzeka. Izolo ebusuku, uNkulunkulu usindise imiphefumulo eyisishiyagalombili eyigugu lapha ealtare. O, bengijabule kanjani ukubona lokho! Futhi angazi ukuthi bangobani laba abangapha. Abanye babo bangahle babe izoni, bekhala. Abanye babo bangahle ukuba bafuna uMoya oNgcwele.

165 Kodwa manje ngiyangena. Futhi umkami emuva lapho, sthandwa, kukhona kokubili amadoda nabesifazane phakathi lapho. Ngiyangena nje ukubona ukuthi kuzokwenzekani. Ngiyethemba ukuthi inkonzo entsha izokhonziswa phakathi lapho. UNkulunkulu uyazi ukuthi ngikhulume iZwi ngeqiniso njengoba ngikwazi, eBhayibhelini. Kunjalo. Futhi ngibuyela emuva ukubona ukuthi uNkulunkulu uzokwenzani.

166 Manje, kusasa ebusuku, iNkosi ithanda ngeke sibe nenkonzo yombhaphathizo, ngaphandle uma kuphuthuma, umuntumumbe ofuna ukubhaphathizwa. Kodwa masinyane, emizuzwini

eyishumi noma eyishumi nanhlanu, inkonzo yombhaphathizo iyokwenzeka.

167 Bese kuthi-ke, kusasa ebusuku, kuzoba khona. . .Ngifuna ukubuza owethu u dad-. . .umalokazana wakwami lapha, (Usbali? Hhe!), umalokazana wakwami, uma ethole amakhadi omkhuleko, namhlanje. Loyce, uwatholile na? Awukaze uwathole. Awu, sizobhala amanye. Sizothola amanye, ngenye indlela. Futhi sizothola, sinikezele ngamakhadi omkhuleko, kusasa ebusuku, iNkosi ithanda, futhi siqale imigqa yethu yomkhuleko iza nxazonke, umugqa womkhuleko oyifashini ejwayelekile, uma kungenzeki lutho emizuzwini embalwa, egumbini. Khona-ke sizobona. Kusasa ebusuku, iNkosi ithanda, sizonikezela ngamakhadi omkhuleko, kusenesikhathi, kusasa ebusuku, cishe ngehora lesithupha nqo, ngiyacabangela, noma into enjalo, elesithupha noma ligamenxe elesithupha, into ethize, kusasa ebusuku, ukuze abantu bakwazi ukuthola ikhadi lomkhuleko futhi bangene emgqeni.

168 Manje, manje nje, ngifuna wonke umuntu ongakwazi, ukuba akhuleke kakhulu. Ngifuna nina befundisi ukuba nizungeze laba bantu. Kodwa, uMfowethu Neville lapha emsamo. Futhi ngingena ukuyokhulekela abagulayo. INkosi inibusise.

169 Futhi nina bazalwane manje iyani ngqo ngalapho lapho laba bantu bekhona manje. Khuphukani, nibeke izandla phezu kwabo, futhi masibe nomkhuleko, njengoba niya ngakhona. Ngamunye wabo hlalani ngqo nabo manje, njengoba nifika ngqo ngakhona. Lonke ibandla owaziyo ukuthi kukhulekwa kanjani, khothamisani amakhanda enu emuva lapho, futhi nibeqotho emkhulekweni kuNkulunkulu, ukuthi uMoya oNgcwele uzowa phezu kwalaba futhi ubagcwalise ngoMoya oNgcwele; futhi uzokwenza izimangaliso kuleligumbi, ukuphulukisa abagulayo nabahluphekile.

